



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**NOVEMBA 2021**

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA**

**AMAMAKI: 80**

**Lo mhlahlandlela unamakhasi ayi-9.**

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISA

### UMBUZO 1

#### INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wependulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wependulo yonke. Omakayo kumele awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo amaphutha uma ekhona.
2. Uma umfundi esebebzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona, lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo evulelekile edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA noma ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki. Ngokufanayo nalezi ezinjengo-IQINISO/AKUSILO IQINISO noma IQINISO/UMBONO nazo azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma eyidwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
5. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhalo angaphezulu kwalokho, kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
6. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebebzise ulimi Iwesigodi empendulweni yakhe.
7. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:  
Isib:  
1.1.5 A/USizwe. (okuwuhamvu oluphelele).

- |        |       |  |     |
|--------|-------|--|-----|
| 1.1    | 1.1.1 | UKrista Neher √/ Krista √ / Neher√   | (1) |
| 1.1.2  |       | OKUBILI kwalokhu:  |     |
|        |       | <ul style="list-style-type: none"> <li>• Umlando womndeni.√/</li> <li>• Umlando wamaqhawe namaqhawekazi.√/</li> <li>• Umlando ngezinto ezazisetshenziswa ngezikkhathi ezahlukene.√/</li> <li>• Umlando okumazisi.√</li> </ul>  | (2) |
| 1.1.3  |       | Okukodwa kwalokhu:   |     |
|        |       | <ul style="list-style-type: none"> <li>• Zisetshenziswa njengethuluzi lokudlulisa umyalezo nokuchukuluza imicabango. √√/</li> <li>• Zisixhumanisa nemvelaphi yethu. √√/</li> <li>• Zisikhumbuza izikhathi ezimnandi nezibuhlungu. √√</li> </ul>  | (2) |
| 1.1.4  |       | B.√/Ukuba sejele.√   | (1) |
| 1.1.5  |       | Izithombe ezithathwa ezikoleni zingadala izimpi ziveze namahlazo abafundi nothisha.√√  | (2) |
| 1.1.6  |       | Kukhona abantu asebethole ukwaziwa umhlaba wonke ngezithombe abazithumela emaphephandaben, ezinkundleni zokuxhumana nakwezinye izindawo.√√   | (2) |
| 1.1.7  |       | Okukodwa kwalokhu:   |     |
|        |       | <ul style="list-style-type: none"> <li>• Izithombe zisetshenziselwa ukwethula ubufakazi enkantolo.√√/</li> <li>• Ziveza amaqiniso uma liphikwa icala.√√</li> </ul>   | (2) |
| 1.1.8  | (a)   | Uze umxhawule.√√   | (2) |
|        | (b)   | Ngokushesha okukhulu.√√/masinyane. √√  | (2) |
| 1.1.9  |       | Okukodwa kwalokhu:   |     |
|        |       | <ul style="list-style-type: none"> <li>• Kungakufaka ejele/ungaboshwa.√√/</li> <li>• Ungaphelelwa umsebenzi. √√</li> </ul> <p>(Nokunye okunembayo)</p>   | (2) |
| 1.1.10 |       | Okukodwa kwalokhu:   |     |
|        |       | <ul style="list-style-type: none"> <li>• Isithombe esihle senza abantu balangazelele ukuzwa ukuthi kuthiwani ngaloyo muntu kodwa esibi sihlala unomphela ezingqondweni zabantu. √√/</li> <li>• Isithombe esihle senza abantu bamthande osesithombeni futhi bamlandele kodwa esibi senza bamkhulume kabi baze baqcine sebemzonda nqisho bengamazi.√√</li> </ul> | (2) |

1.1.11 Okukodwa kwalokhu:

- Indaba yezithombe ithinta bonke abantu.√√/
- Kuyinto eyenziwa yibo bonke abantu.√√  
(Nokunye okunembayo)

(2)

1.1.12 Izimpendulo ziyokwehluka:

Isibonelo sempendulo **evumayo**:

- Izithombe ziveza konke njengoba kunjalo.√√

**NOMA**

Isibonelo sempendulo **ephikayo**:

- Abanye abantu bayakwazi ukuzenzela izithombe zibukeke sengathi ziyyiqiniso.√√  
(Nokunye okunembayo)

(2)

1.2 1.2.1 Iminyaka engamashumi amabili nesishiyagalombili.√ (1)

1.2.2 UZalo.√ (1)

1.2.3 UMuvhango.√ (1)

1.2.4 uHarriet Khoza.√/ uConnie Ferguson.√ (1)

1.2.5 Izimpendulo ziyakwehluka (Okubili kwalokhu):

- Ababukeli bathola ithuba lokufunda ezinye izilimi. √/
- Ababukeli bayajabula ukuthi izilimi zabo nazo ziyathuthuka.√/
- Kwandisa amathuba okulingisa kubadlali abakhulumu izilimi ezahlukene. √/
- Kukhuthaza ubumbano ezinhlangeni ezahlukene.√  
(Nokunye okunembayo)

(2)

[30]

**AMAMAKI ESIQEPU A:** **30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2****Amaphuzu esingawabheka:**

	<b>AMAPHUZU ACASHUNIWE</b>		<b>AMAPHUZU AHUNYUSHIWE</b>
1.	'Uma ungomunye wabazama ukwehlisa isisindo somzimba kuyancomeka ukusebenzisa la mafutha esikhundleni samafutha ajwayelekile.'	1.	Uma uzama ukunciphisa umzimba ungasebenzisa amafutha omnqumo.
2.	'Amafutha omnqumo anezithako ezibalulekile ekuqiniseni amasosha omzimba ukuze uhlale unguqemane.'	2.	Lawa mafutha ayasiza/angasiza ukwenza amasosha omzimba ahlale esesimweni esihle.
3.	'Ukusebenzisa amafutha omnqumo kungakuvimbela ukuhlaselwa yilesi sifo, ngokwenza isikali/umthamo we- <i>insulin</i> egazini uhlale ulingene.'	3.	Ayasiza ukuvikela abantu esifweni sikashukela ukuthi ungehli noma ungakhuphuki.
4.	'Amafutha omnqumo enza ingqondo ihlale iphapheme ngenxa yesithako esibizwa nge- <i>monounsaturated fat</i> .'	4.	Ingqondo ingahlale/ihlale isebeenza kahle uma usebenzisa lawa mafutha.
5.	'Ucwaningo luyaveza ukuthi angagcina isikhumba sakho sivikelekile ngokuwagcoba emzimbeni nasezindebeni zomlomo.'	5.	Lawa mafutha avikela isikhumba ngokuwagcoba emzimbeni nasezindebeni zomlomo.
6.	'Angasiza futhi ukugcina nezinwele zakho zikhazimula zingenayo inkwethu.'	6.	Angasebenza ukwenza izinwele zibe zinhle futhi zingabi nayo inkwethu.
7.	'Amafutha omnqumo onga imali ukuze kungabi nesidingo sokukhanda izinto zasendlini.'	7.	Amafutha omnqumo onga imali ekukhandeni izinto zasendlini.

**Ukumakwa kokufingqa**

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki:**

- Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
- Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle kolimi.
- Isamba samamaki ayi-10.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**

- Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyelisa ngemaki eli-1.
- Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyelisa ngamamaki ama-2.
- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyelisa ngamamaki ama-3.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:**

- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyelisa lutho ngemaki lolimi.
- Amaphuzu ama-4 kuya kwayi-5: Uklonyelisa ngemaki eli-1 lolimi.
- Amaphuzu ama-2 kuya kwa-3: Uklonyelisa ngamamaki ama-2 olimi.

**QAPHELA:**

- **Ukubalwa Kwamagama:**

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde aphelele emshweni wokugcina ngaphezulu kwesibalo esibekiwe, angabe esakunaka okulandelayo.

**AMAMAKI ESIQEPU B: 10**

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

#### Indlela yokumaka ISIQEPHU C

- **Ukupelwa kwamagama/Isipelingi**
  - Izimpendulo ezidinga igama elilodwa mazimakwe ngisho kunamaphutha esipelingi, ngaphandle uma iphutha lishintsha umqondo/incazeloyegama.
  - Uma impendulo ingumusho ogcwele, amaphutha esipelingi awanganikwa amamaki uma kuhlolwa ulimi.
  - Uma kuhlolwa isifinyezo, impendulo mayibe nophawu lokuloba olufanele.
- Ukwakhiwa kwemisho makulandele uhlelo lokusetshenziswa kolimi olufanele.
- Emibuzweni lapho kukhethwa khona izimpendulo, yamukela KOKUBILI uhlamu oluhambisana nempendulo efanele NOMA impendulo efanele ebhalwe ngokugcwele.

- 3.1 Kubo bonke abantu.√/Abadla imbuya ngothi nabakhomba ngophakathi.√/  
Kubathengi √. (1)
- 3.2 Impuphu Yoqobo.√√ (2)
- 3.3 C√/Abacebile.√ (1)
- 3.4 Inyala yenziwa ngommbila omusha otshalwa emasimini ase-Free State.√ (1)
- 3.5
  - Uthenga impuphu Inyala.√ (1)
  - Ugcwalisa ifomu elisephaketheni lempuphu.√ (1)
- 3.6 Ibizombaxa√/Ibizongxube.√ (1)
- 3.7 OKUKODWA kwalokhu:
  - Kuzokhuphula inani labantu abathenga impuphu Inyala.√√/
  - Inkampani izokwenza inzozo enkulu.√√/(Nokunye okunembayo) (2)

[10]

## UMBUZO 4

- 4.1 Umuzwa wokuthuka.√/ukwesaba√/ukumangala√/Ukukhathazeka √. (1)
- 4.2 A√/Ingane ezelwe yodwa kwabo.√ (1)
- 4.3 OKUBILI kwalokhu:
- Ubuso bukamama uma umfana ecela ukukhulumu naye.√/
  - Ukuthatha imiqamelo yokuhlala. √/
  - Ukuthatha amaphepha okusula izinyembezi.√/
  - Ukukhanyisa amakhandlela.√/
  - Ukulungisa indawo yokuhlala.√/
  - Ukukhipha amanzi okuphuza esiqandisini.√/
  - Ukukhulumu yedwa.√ (2)
- 4.4 Imisho iyokwehluka:
- Isibonelo: **Umoya** uvunguza ngamandla ngaphandle.√√ (2)
- 4.5 Inkolelo engaguuki.√√ (2)
- 4.6 Umbono ngoba bakhona omama abangakhathzeki ngezingane zabo yikho sinezingane ezitholwa zilahliwe.√√ (2)  
[10]

## UMBUZO 5

- 5.1 5.1.1 Umuntu ufise ukuba nendlu ehehayo.√/Umuntu u**fisile** ukuba nendlu ehehayo.√/ Umuntu **ubefisa**.√/ Umuntu **wayefisa**.√/ Umuntu **wafisa**.√ (1)
- 5.1.2 Liyachasisa√/Liyaphawula.√/ Lichaza uSobizo emshweni. √ (1)
- 5.1.3 Izithombe **azifakwa** ngamahhuku kuphela obondeni.√ (1)
- 5.1.4 D√/Ibizomfakela.√ (1)
- 5.1.5 (a) Isandiso sendawo.√/Isakhi esikhomba indawo/undaweni.√ (1)
- (b) Isivumelwano sikamenziwa.√ (1)
- 5.1.6 **Indlwana**. √ (1)  
Isib. Ugogo uthanda **indlwana** enhle.√ (1)
- 5.1.7 Igumbi lokugezela alihlotshiswa **ngoba** lingaba nomswakama.√√ (2)

5.1.8	UMnumzane Cele uthi, ' <b>T</b> hina <b>s</b> inolwazi olwanele lokuhlobisa ngaphakathi endlini.'√√/ 'Thina sinolwazi olwanele lokuhlobisa ngaphakathi endlini,' kusho uMnumzane Cele.√√	(2)
5.1.9	(a) Ikamelo.√	(1)
	(b) Udonga.√	(1)
5.2	5.2.1 Umalume <b>kazi</b> .√	(1)
	5.2.2 Abazali <b>bami</b> abasekho.√	(1)
	5.2.3 Yona.√  Isibonelo; Ingane <b>yona</b> ayikuthandi ukulala.√	(1)
	5.2.4 Hawu! √ <b>U</b> nenhliziyo√ yetshe./ Hawu, √ unenhliziyo yetshe!√	(2) <b>[20]</b>
<b>AMAMAKI ESIQEPU C:</b>		<b>40</b>
<b>AMAMAKI ESEWONKE:</b>		<b>80</b>